# Ezempi.

Ekupeleni kwelidhlule kulike ucingo lupuma pesheya luti umkumbi wokutwala iziguli ulinyazwe udanamete emanzini obehlezi kona, wafa. Ube utwele iziguli ezi 385. Kwati ekupalalweni kwabo kwasinda abangamakulu amatatu kupela. Lomkumbi ube uhamba elwandhle lwase England.

o o o

Imikumbi yamaNgisi neyamaFrench ibambe imikumbi eshumayo yamaJali eAgean Sea, ngase Greece yabasitupa.

o o o

Siloba nje umBuso wase Greece usemkatini wokuba utelele amaJali noma, ume nje. Kepa songati isisindo siwela ngasekweni lenkosi yama Greek. Noko liya uti lipuma lelipepa kube kuqamile lapa engakona.

o o o

AmaNgisi asezandhleni zamaJali ku iloku kwasuka pansi nyakenye kuze kube sekupeleni kuka September, 1915, a25,000.

o o o

Mhlaumbe kakuqondakali eningini ukuti izwe lase Italy kalibonange lize libe nabuhlobo nelase Greece, ngaloko abanye bacabanga umuzi wase Greece ukuti uuhlembenhlembe nje ngendaba yalempi ukuba angene ngakumaNgisi, kuya ngoba amaNgisi egodhle amaTaliyane, nakalokuke amaTaliyane wona asefice umkati kuma Greek, ati kuhle apume ngezwi ukuti ayilipi kunqamuk'inkulumo yonke.

o o o

Induna etate isikundhla saleyo eyagoduswa eDardanelles, uSir. Munro, uti yena kuhle ukuba iyekwe leyo ndawo ibuyele kuwo ama Turks. Sizwake songati uLord Kitchener lona uye kona nje usaye kuhlola ukuba kuhle ukuyeka noma kuhle ukuquba njalo na.

o o o

Ngenxa yezidumo esezide zibangwa kulamba kwelamaJali, aseze amabuto akipa umteto wokwokuti oqale umsindo uya udutshulwa ngesibhamu, ati obehlanganyele naye aboshwe.

o o o

Izinsizwa zamaNgisi ezake eFrance seziyahloma.

o o o

Isikulu sase England uMr. Churchill okade epatisene izindaba zezwe kanye nezinduna ezipete izwe, usehlomile, ngoba ulibuto useye kubhekana namaJali. Ibuto lake elamahashi, nguye wobubili esikundhleni sobuduna.

## Ezase Mnambiti.

Kuke kwasuka isidumo esteshini sesitimela lapa. Indaba isuke ngokuba liti ikula elisebenza endhlini yokudhla lingakuvumi okukulunywa umlungu walo. Baze bapatelelana ngezandhla. Kwabuye kwadhlula bayisana enkantolo. Kepa lifike selimatundutundu kona, namazinyo angapambili engaseko. Wabuya uMaharaj wahlaullswa £3.

—:o:—

Izinsizwa ezibe zilwile ngalapa eWessel's Nek, kwaSitole, ziboshiwe zonke, ezibe zizinhloko zokuyiqata zaboshwa amalanga angamashumi asitupa. Ezibe ziyilwa zazuza amalanga angamashumi amatatu.

—:o:—

Kukona abantu ababili lapa ababanjwe bejola ukologo esteshini sesitimela, ngaloko baboshwe izinyanga ezintatu.

—:o:—

UNgalo Nxumalo, ongalalelanga uD. C. Wright, abesebenza kuye, uboshwe inyanga ngako.

—:o:—

UMr. Timothy Sibisi, obesuke esifundeni sase Mtshezi weza kwaka kulesi saseMnambiti, engacelanga, unqunyelwe izinyanga ezintatu ejele ngaloko.

—:o:—

UNondina ubemangalelwe ngumlungu wake uB. J. J. Bester, eti ubeti kamkikilize ngegeja wasinda. Ngokwenza loko kutiwe kahlaule ngaopondwe abahlanu, ati inxa ebantula aboshwe izinyanga ezimbili.

—:o:—

Umtshayeli wenqola yezimbongolo ka Anderson no McIvor, abaka ibloho lapa eliwela uMnambiti, ungene nayo inqola emfuleni, kukona nowesifazane engaboni ukuti amanzi maningi kakulu. Ite ipakati inqola kwapenduka isinkwa nje, kwaze kwangena nomlungu wasiza ngokunquma amahanisi, zapuma izimbongolo ezimbili, zafa ebezisengqoleni, basinda abantu.

## Ezase Koenigsberg.

( NGO "SIHAMBI.")

Ekufeni kukaMfumfu (Oct.) siko satola imvula emnandi lapa kiti izinsuku ezintatu. Siyabonga; po, ilanga selibuye lati sengi bhalile mva nje!

Abase Koenigsberg abe kade besebenza eGoli babuye engatiti bebetshelene. Kubuye ngitsho nensizwa imbala; aba ningi abangaka buyi. Kepa ngikohlwa ukuti yini ekaya kangaka loku naku nezulu lizobalela. Uma umuntu ati cobho abuye wo evela ngitsho okokula mba loku. Ngimangala ngoba izinsizwa ziyatanda nokuganwa, kepa omunye woze atshiywe nayingoduso eloku ehlwempuza nje. Vukani bakiti.

Kusandu fika umlungu olungile ozo gaula amagamudri lapa kiti. Ungetuka nje sekuwomzela isikwata kona kwaManeli ekaya. Sekuqamuka ne ntalasipondi yezincwele.

NguMrs. Limons ugogo Lina osate tshelele waya kwamVangeli Ndhlovu ngaseSwazini. Ugogo lo ngumbeletisi wabantu namaBhunu. Nakonale sifica engatiti iNkosi ingabusisa yena naba kwaNdhlovu loku engati uhambe ngawo umsebenzi wake lona.

Umfundisi wakiti uRev. C. P. naye usandu kwenhuka ngazo zevangeli wa ya eNew Scotland, Ermelo nase maga tsheni kona eSwazini. Futi upelekeze le indodana yake uMarkus osoyofunda eErmelo.

Ngomhla ka 6 kuLwezi (Nov.) ku tshone uMuza. Mkwanazi. Siyadabu ka ngaye ngoba ubesemtsha ehlutshwa ukuxwela kupela. Ngalo lolusuku futi bekukona iKonsati lesikole sakiti. Nakona siyatokoza ngoba umsebenzi wahamba kahle kwavela £2 1s. Siti no titsha uzoke afune izinswele zesikole; sibona engati uyamomoteka.

NGE UNION ELECTION.

Sicela uke usicazele tina esingezwa kahle. Kanti kule "Election," beku ngavoti izwe lonke na? Ngitsho ngoba pela mina siwula ngibona ingcozana ku leso sigaba elandele usibani bani. Kanti yini ukuba kungaveli amakulu kulu loku nansi iSafa Flika ingaka na? Kanti bekuvota abanjani na? Angazike nobe bekutatwa n g e n x e n y e yabo. Ngibonga umusawako.

Yimi Obuzayo,

"ISIHAMBI."

[Mdhla kumiswa iNyonyana yenziwa yaba nezifunda, kwaba ileso saba nabatile baso akudhluli kuloko—Ed. I.]

(KU MHLELI WE "LANGA")

Mngane,—Ngizoke ngiponse amazwana ngezwe lakiti abelungu asebelitete lase S. Rhodesia, sebelitete baya tengiselana ngalo. Naku okubi ukuxosha abantu emapulazini, abanye bateliswa kabili ngonyaka.

Naba Fundisi baka-amadipa okudipa izinkomo ngemigqibelo yonke inkomo ngu sikisipenisi (6d.)

Ezangapa eN. W. Rhodesia abantu bayabutwa ukusiza empini ukutwala yonke into edingekayo pela abantu izona nqola esikundhleni sazo ngabantu.

Nokulwa futi bayasiwa abaseduze nakona kutwala nabafazi. Oh! kukona usizi olukulu pakati kwabantu nendhlala.

Futi ukona umkuba omubi owenziwa pakati komuzi kwa Bulawayo uma umuntu eya esihlotsheni sake esisebenzayo ukusibona uyabanjwa noma kusemini umelwe ukubikwa kumlungu amunike incwadi yokubonisa ukuti uvunyelwe uku ngena Futi sebaka indhlukazi yokulwela lapo bebizwa basabele abantu oh! Liyafa izwe lakiti impela abamvumeli omnyama apeke utshwala bendali kuqala bekungenamteto; loku kuqale ngo 1913. Sifisa ukuba uMongameli afike lapa S. Rhodesia emandhleni omDali.

Imina,

DAVID N. MOYO.

(KU MHLELI WE "LANGA")

Mngane,—Ngivumele kengibonge kubanumzane ababili abangihlabe umxwele ekwenzeni kwabo—uRev. Bryant noMr. Simamane Kuzwayo.

Ngiyanibonga ngempela makosi ami, nina eningalingisi okwabakiti, abati ukutula kuhle akufani nokukuluma, inganti sizwa kutiwa ingane engakaliyo ifela emhlane kuuina, ingazibiki nonxa isilambile. Nginibonga ngani ke na? Ngoba niyaweza nina amazwi engiwakulumayo, ukuti ngiti ngivusa abakiti ebutongweni. Inhle impela indaba eniyixoxa ngoQwabe.' Nami pela ngifuna ukuhloma kona kini; njengoba niwezwile awami inxa ngiti nami angazi luto ngalezi'zindaba, kodwa ngilanda engikuzwe kwabanye abangapambili kwami, ngingeze ngaqinisa ukuti ngikuluma isiminya sodwa.

Mina pela, bakiti nginxanele ukuba ati lawa'mazwi engiwakulumayo ahlale aze abonwe ng'abazovela. loku nibona nonke nje kaloku ukuti izinsuku zetu seziqubekile, sesis'emgabelweni wokuba sibuye sigoduke; kodwa sesihlale le usuku lokubizwa kwetu.

Madoda akiti, ngangiyakujabula ukuba lezi'zindaba saziqala kulesiya sikati esadhlulayo, lapo sasiyakukuluma size sizwane, iyavela nje intsha is'iku faka emabhukwini, ilonde izindaba zakiti.

Poke, loku sekumatambama nje, nami angisazi kahle ukuti sisayakubekapi, njengokuba nanti ngilibona ilanga selitshonile, kako umuntu osebenza kuhlwile. Ngiyabasola kakulu abanye bakiti, abati uba bawamukele amapepa abo ezindaba, bawafunde qede bawatshise, ngiti loku b a z a l e l w a emnyameni nje, naobaba babengasitsheli luto, po bona bawalahla nje, kwoti kupi kubekupi, loku ngibona songati kusahlwile nje nanamhlanje.

Ngiyadabuka, Mhleli, inhliziyo yami isatshone pansi ngokulahlekelwa kwami yizidumbu ezintatu ngenyanga inye, na'sikati sinye, njengokuba kute mdhla kupela uOctober ngalahlekelwa yindodakazi yami; kwati ngoNov. 6 ngalahlekelwa ngumfowetu uBubi Mtuli kaNondenisa; kwati ngoNov. 8 ngalahlekelwa yindodakazi kaJazi umfowetu. Konke loku kungidanisile. umzimba wami aukabuyeli endaweni yawo. Sekuhlezi nje ukwazi ukuti konke okuvunywe nguBaba masikwamukele siti kuhle nonxa singakutandi, ngoba pela siy'izingane tina asikakwazi okuhle nokubi.

MAGEMA M. FUZE.

"Ku Mhleli weLanga."

Mngane,—Poke Baba ngi bhala nje benginga tandi ukuloba, kodwa ke angi nakunyamezela ukuba nginga lobi ngingu muntu ofuna iqiniso likulunyiwe. Impela ngiya dabuka ukubona indaba epume epepeni lika Novmber 12 ikuluma ngomdhlalo omkulu obuwenziwe Umongameli omkulu J. L. Dube. Impela lomdhlalo waumuhle kakulu ngo k umangalisayo okungandile kodwake umbhali wako indaba kayilandanga kahle njengokuhamba kwawo. Ekuqaleni ihambe kahle, ekupeleni yambi, yalahla iqiniso laso lapa seku kulunywa nge konsati Ekubuyeni kuka J. L. Dube eTransvaal wamema umhlangano omkulu owaba se Union Tiyete kwaku kona amakwaya onke ehlabelela kona, kodwa ke akaze adelisana ukuba kubonakale elidhlule amanye. Ngalokoke uJ. L. Dube, Umongameli wati kuya bonakala ukuti emveni kwesikati esitile kuzoba kona umdhlalo omkulu ke kuqudelane amakwaya ase sikatazile ngenkani. Koba kona inkomishi leyo okutiwa iSilver cup. Nabalake kwenziwe loko amakwaya ayisishiyagalombili aculile eculela iSilver cup. Kwatii kwaya lama Wesile elitiwa ama Flying birds lawa hlula onke amakwaya, laitata iSilver cup pambi kwezihlwele ezazi kona. Abantu ngabantu abavela izindawo ngezindawo, abangenawo umona lapa ogwini baneliswa ukuba ama Flying birds ayitate inkomishi. Sengisho nabelungu ababekona bati amajaji ajaje kahle ukuba i"Silver cup" itatwe ama Flying birds. Kodwake isipuma epepeni lako aihambanga eqinisweni ihambe ngo kucubungula ibandhla kwagcwaliseka inkulumo ekulunywa abantu bamanye ama bandhla lapa eDurban abati uDube uwanikile nje inkomishi ama Flying birds ngokuba etandana no mpati wekwaya uA. J. Mtetwa. Lokoke kuyasimangalisa kakulu ngokuba nMongameli ungowebandhla lase America akasiye uMweseli. Kungaba kanjani afulatele ibandhla lake atate udumo lwakubo alu nikeze uMweseli, futi uDube waye ngenandaba neze nenkomishi, konke kwa kusezandhleni zamajaji kupela. Futi kungeko mfundisi namshumayeli wama Weseli pakati kwa lawo majaji kwakunga manye ama bandhla kupela, ngapandhle kuka Mtetwa umpati we kwaya lama Flying birds. Isiposiso silapa unobhala wako eti, Kwati lapo, amajaji ese bhunga ati ikwaya eli fanele linikwe inkomishi ama Flying birds okwanonyaka. Wazi kanjani ukuti nyakenye futi ama Wesleyan Choirs angeyitate inkomishi? Lokoke akuzwakali kahle ezindhlebeni zabantu abafunda ipepa lesonto elidhlule ngokuba abapati bamanye amabandhla bahambe be kulnma beti ikwaya lase Wesile lanikwa nje inkomishi. Impela loko kuzwakala kabi. Izwi lami lokugcina ileli lokuti tina maWesile asisayikuyi culela inkomishi ngokuba kukona umona omubi kulo mdhlalo omuhle kangaka. Singayi dhlalela uma amajaji kungaba ngabelungu bodwa. Besi jabula tina Wesile ngomdhlalo ovezwe umongameli uJ. L. Dube. Nanamhla mina ngi zimisele uma ikona ikwaya kulamakwaya ekade ehlabelela ngo 6 Nov. kuhle ivele kona manjena kusashisa nje na kucelwe abelungu abakulu njengo nMaseu no Walter Greenacre kanye nabanye abakulu kucelwe amajaji amhlope azobukela kesibone ukuti iyipiikwa ya engatata iSilver cup. Mina angi yi funi inkani yomlomo ngifuna inkani yezwi lokuhlabelela kupela ngiyacela ke kini nonke makwaya asogwini.

Xola Mhleli ngokwelula, yimi umpati wekwaya lama Flying birds.

A. J. MTETWA.

[Sitanda ukuba uA. J. Mtetwa azi kahle ukuti upete umsebenzi wake, tina lapa esingeze samtuma ukuba awenze kumbe awuyeke. Umsebenzi waleli pepa unabapati bawo, asifuni ukutunywa uye isikati sokufaka incwadi yake; futi angakatazi umnumzane, ngokuba efuna ukuba ifakwe. Kungamahloni inxa kusuka umuntu okutembeka kuye inkulumo yendoda kepa atuke nje. Abantu abaketwayo ukuba balalele usebadela namhla usefuna abakubo abelungu abakulu, no Mr. Greenacre lona asazi ukuba umcupule ngani. Ababeketelwe ukulalela abati make sibuyele ku Mtetwa nonyaka isitsha sebone ngalipi; uMr. Mtetwa esebiza abelungu nje?

Kasizwa lapa iqiniso lisilele kona ko dwa sizwa ukuti amazwi okulanda inda ba kawahambanga eqinisweni. pezu koba ibandhla lamaWesli lingabandhliwe muntu, utanda ukufaka umoya ongeko. "Kukona umona." Asinakudedela inkulumo yobututa lena idhlule singayipikisanga. Akuko mona nakoyedwa, wena wahlulwa kukuluma. Amajaji akona nanamuhla lawa osé uwadela, uma epika amazwi abonakala epepeni, angasho wona. Liyiqiniso izwi lokuti, amajaji ati lapa esekuluma odwa ati: "Kuhle nonyaka isitsha sibuye naye."—ED. I.]

## Ngenzalo kaMvelinqangi Owadabuka Ohlangeni.

Baba nkosi yami ngicela isikala ezinhleni zeLanga kengi sike elijikayo ku ba tameli beLanga ngomhlobo wam uMr. Fuze uMangema, nangu ebuza eti sapumapi, kepa futi abuye akombe kona lapo. Qa mfowetu, Ngcobo omkulu, besi sabongile siti uhambe kahle kepa manje siyabona ukuti amabanga ako se uyawelula kakulu unyawo ulupakamisa kakulu uzama uku yonyatela lapo lungafiki kona. Akuvumi kimina uma ngikolwe ukuti kuliqiniso ukuba uNkulunkulu wadala iMbuzi yodwa iMvu lena kayidalanga, ikona nje yazalwa iMbuzi ngiyalandula Fuze ayizange yenzeke into enjalo. LoMoses okuluma ngaye oti waye rola nati ehlane angikolwa. Wake waubona umfanekiso wake kanye nalabo ayebahola ehlane? Ngiyakuncenga mfowetu ukuye kubatengisi bezincwadi ukete uhlamvu elwedelelayo emgodhleni uyofuna lowo mfanekiso ngiyakolwa wobona ukuti uMoses lowo kazange amhole uNgcobo omkulu, kanye nabo bonke abafana noNgcobo ukudalwa kwabo. Ngisho ngoba wobona loku kuye, (a) umbala wake umhlope, (b) izinwele zake azifani nezami, (c) wofica embete indwangu kanye nabo bonke abamlandelayo (d) Futi ngiti wo kumbula nalakuxoxwa ngendaba yake ukuba kona kwake, ukuti uNkulunkulu wamlobela incwedi etsheni nonxa eseyepulile leyo wengeza waloba enye etsheni elase libazwe uye uMoses (e.) Nomteto wake uMoses wokubulala izelelesi kwaku ukukanda ngamatshe (f.) Futi wokumbula ukuti labo bantu babesebenzisa imali. Poke ngokudabuka kwetu tina ndhlu emnyama ukona ongas'aqinise ati lomuntu onje umfowetu wase ndhlini? Haga! ngiyalandula, owakiti ngokudalwa izwi lika Tixo njengoba yonke into edatshuliweyo eyakiti ngoba uMenzi wetu emunye, akusiko ukuti umuntu emnyama nje uzalwa umlungu, kadalwanga nguyena uMenzi wento zonke. Qa akungeni kahle enhli ziyweni kimi. Okungikolayo iloku okwashunyayelwa okoko bami noZulu wonke omnyama. Bati uMveliqangi owadabuka ohlangeni owaveza tina bantu abamnyama. Tina bantu abamnyama uMdali kasilobelanga incwadi yemiteto yake. Kepa wayiloba emabunzini etu yonke ayilobela uMoses. Kitina wayipelelisa emabunzini etu ngemvelo esadabuka nayo. Ngiyambonga uNkulunkulu owangenza ngaba mnyama wa ngipa izinwele ezifana noboya bwewundhlu.

Imvu nibo kumbula ukuti uma Inkosi uMdali efnna ipunga elimnandi ebeyati ufuna imvu ibe umnikelo eLatini nga ko leso silwane Nkulunkulu uyasi tanda ku ngako ngiya jabula ukufana naso manje ngoba ngiwu "Fela pakati", ngi kahlelwa izinqe ngi suke impendulo yami ngitate ikalishi ngi mdonse ngalo uBasi inomvuzwana waloko ujikijelwa pansi ngiwu cotshe nge mhlope inhliziyo. Tetelela nkosi yami Mhleli ngi suswa umngane wami uM. Fuze uti si zalwa abelungu.

JOSHUA CALUZA.

## Ubuhlungu Ngemitambo.

Ikakulu ubuhlungu bwemitambo bubangwa ukusebenza kuze kudhlule ema ndhleni noma kwesinye isikati ukungalali noma ukungatoli ubutongo obwaneleyo. Kuti ke futi ukungahlanzeki kwe gazi kubuye kube okunye okubanga kakulu. Isizatu saloko sisobala, ngoba imitambo itola igazi layo elihle livela kuwo wonke umzimba. Uma ke linganele futi lingelihle njaloke imitambo itola nayo elimbi kube sekubanga ukungapili. Uma sekunjena lobubuhlungu bubizwa ngokuti ubuhlungu obukalela igazi elihle. Ukutola impilo enhle kulokuhlupo tenga ama Pink Pills ka Dr Williams, okuyiwona ayokubuyisela empilweni enhle akupe negazi elihle.

Ubuhlungu bwekanda, ukungalali ukwetuka kwemitambo, ukudangala komzimba, konke loku kwehlulwa kalula amaPink Pills ka Dr. Williams. Bonke abatengisi baya wagcina ama Pink Pills ka Dr. Williams; uma uwafuna tumela 3s. 3d. ngebhodhlela lilinye eyisitupa 17s. kwa Dr. Williams Medicine Co., Long Street, Cape Town.

KU MHLELI WE "LANGA"

Mngane,—Ngicela epepeni lako uke ufake indawana encane ngesimangaliso esesikona namhla kubafundisi, nakuba Vangeli, naba shumayeli, nase makolweni, bati nxa bepuma emasontweni abo omudabu bengena kwamasha besebeti, lomumfundisi owangi shumayeza kuqala wangedukisa; ati namuhla ngipendukile impela, kepa umfumanisa eloku enjalo. Abanye besuka bexabene nabafundisi babo, abanye besuke beposisile ebandhleni, babaleke bayekwelinye isonto. Abanye bati kuhle sipume esontweni labelungu sipatane sodwa tina abamnyama. Kepa ngitola isimangaliso ngokuba abatandani bodws lapa sebepume kubelungu. Abahlangani. Po basho kanjani ukuti masipume. Ake nihlangane nodwa nina esenipume kuqala nipatwe umfundisi munye. Independent neTopia zonke izinkolo ezipetwe abamnyama. Tetelela Muhleli weLanga.

OQONYISWAYO.

IZISUSA ZOKUNGAPILI.

Ukunganami, nokungapili kahle emzimbeni ku izizatu ezibanga ukuba impilo yomuntu ibembi. Lezizifoke ungazipepa ngokuba uzihlanze nge Chamberlain's Tablets. Bonke abatengisi banawo.




KU MHLELI WE "LANGA."

Mngane,—Mhleli otandekayo. Umbuzo kuba fundisi abamhlope, nabansundu. Batandekayo, senginesikati eside, ngacindezelwa ilomcabango, kepake namhlanje ngiyatanda ukuba indikimba ngiyibike ebandhleni. Njengezwi lakiti eliti injobo itangelwa ebandhla. Ngi yanincenga bazalwane bami abatandekayo ukuba keni ngilalele kancane ebuntwaneni bami. Ngiyabuza kini baqubi bevangeli, abazitunywa zika Krestu-Jesu. Kuqala nginincenga ukuba nitate nama Testament enu, ukuze niqondi sise ukuba lendaba engihlupayo esezi bhalweni ezingewele. U Mateu 10:1, uMark 6:1—13, uLuka 10:1—7, uJakobe 5:14—17 kwanele. Leziziblhalo nezahluko namavesi, ziqinisa ngokupilisa abagulayo ngegama lomSindisi; kepake pakati kwezikole zonke zingaka nje ezipetwe abamhlope nabansundu angiluzwa udumo lokupilisa abagulayo, ca ngizwa udumo lwaba pendukayo kuzoizono zabo, nokubala abaninginingi aba pendukayo kodwa ca abapetwe izifo kanti lowo moya owanikwa abaPostoli kwakupela yini? Ipi leyonkolo? Eya ikuba Postoli? Tina sikolwa kumupi uJesu? Wati, hambani nipilise abagulayo, washo kwa izwi nje eli lula elifana nelokuti nishumayela izwi lami okolwayo abhabhatizwe. Bonke abafundisi bati iNkosi engitumile kulendawo ukuba ngizoshumayela izwi layo, ngiyavuma ukuba iNkosi ikutumile; kepake ikutumile ukuba ushumayele nje kupenduke abantu ezonweni zabo kupela? Abagulayo? U Jesu wabapa onke amandhla, mina, nawe sitola inxenye yamandhla, kungani singatoli onke? U Jesu use butakataka manje? Ngiyakolwa ukuti lelizwi liqinisile eliti uJesu uyena izolo, nanamhla nakuze kube nguna pakade. Masingatsho ukuti, o ca kwakuisikati sabaPostoli. Ake upinde futi utate iTestament lako, ngiyakuncenga yembhula kuMarko 16:17—18. Niyabonake bazalwane bami angikulumi ngobuqili, nangemibhinqo; ngiyafunisisa. Ngiti abafundisi banamandhla bemi kusipi isinyatelo naku lesi sabaPostoli? Ngiyavama ukubona, nokuzwa kutiwa umfundisi, ubani-bani upakanyisiwe—wabekwa izandhla abafundisi abakulu. Bese ngiti kazi upiwe yini lamandhla ayekuba Postoli? Ngibheke ukusebenza kwake, ngibone equba ngokufaneleyo, kepa ca aka namandhla okupilisa abagulayo; kanti inyanga yanga yasezulwini iiyakupuca nawo yini amandhla na? Ngicela loku bafundisi, nang'umbuzo wami. Ngitetelele ngokwelula, ngiyafuna.

Yimi, ofunayo kubafundisi,

S. S. CHARLES TEMBA.

P. O. Box 143,
Lourenco Marques.
12—11—15.

(Ku Mhleli we "Langa")

Mngane,—Wo Mhleli ngitokoza uma ngizwa amakosi afungwa oBaba beti Macingwane ka Lubhoko.

Mhleli seloku ngatumela ipasi ku Gqainyanga loku yaleNyuy'ipepa, pinde angi tumele seku inyanga. Ngifuna ukukuluma nenye intombana kona Lendaba ekulunywa uMr. Alfred Lugaba ngiti labo bantu maba banjwe ngentonga konje izwe sekwaba elabelungu. Ku Shaka babo bulawa!

Isimangaliso ngibone iqwa Ondini ngati mangibuza kubantu bakona bati ikitikile pela.

Mhleli ubonge ku Mr. Fuze anga ziyeki lezi ndaba zake. Mina Mhleli ngangi tokoza ukuba ipepa lipuma malanga onke ngiye ngibe nesizungu ūma sengi ngasa fundi luto Baba uxole.

JEREMIAH MCUNU.

(KU MHLELI WE "LANGA")

Mngane,—Ngicela ibalana epepeni lako elidumile nelhlaba umxhelo. Ngi suswa indaba engizwisa ubuhlungu engayibona lapa eLangeni esilotayo, ye "Sitembu" esishunyayezwa izwi leNkosi sipenduke kodwa singenziwa amalungu eBandhleni. Abafo ababili lapo bebonisana omnye uti komunye. funa nawe uganwe isitembu. Akunjalo. Abafazi abaningi abafunwa muntu, kodwa sibuza laba abapendukayo ukuba abamkelwa ngani ngokupelele eBandhleni inganti imali yabo ya matikiti iyatatwa.

Tetelela Mhleli wezabantu.

Yimi,

T. D. MALINGA.

17. 11. 15.


# Imiti Yempela.

CARLTON KIDNEY and BACKACHE PILLS.

Lama Pills aveza izitelo zoku sizakala. Uma unazo lezi zimpawu lama Pills ayadingeka, izimpawu lezi :—umhlana obuhlungu, ukalo olubuhlungu, umshobingo ono mubala omubi, ukushisa kwawo umshobingo, ukushobinga kaningi, isihlabati namatshana kuwo umshobingo, noku dungeka kwawo, amakaza ezitweni, ukuvuvuka komulenze kanye namalungu onyawo nomlenze, ubutataka be nhliziyo, ubuhlunga esinyeni ne rumatizim. Lapo inhlupeko isuka kona, kuse sibindini, ezinsweni nase sinyeni. Lama Pills asebenza zona lezo zito zozitatu. Igabha 3/3, angu 6 18/-. Sihlawula iposi.

CARLTON BLOOD PURIFIER.

Lomuti nyaligeza igazi uya lihlungisa. O dotela abaningi balaya izihlupeki ngokulunga kwawo lo muti. Izimpawu zegazi elinngcolile nazi :—Izinduna, izilonda, izisihla zamabala amnyama, ukubaba komuzimba, umuzimba omubi, amatumba, ubuso nofele oluruabaxa, ukuqubuka, izilonda ezingavumi ukupola nokufa umbala namashashaza. Lo ukipa isihlungu egazini nokungcola konke. Igabha 5/6, angu 3 15/-. Sihlawula iposi.

VEMATA PILLS—FOR FEMALES ONLY.

Lama Pills enziwa ngu dotela wezifo za besifazane bodwa. Lomuti uqeda isilumo, ukuvaleka kwefindo, ukaba linenne kwalo noma ukubalinungi kwalo, uqeda ubuhlungu esinyeni naso katweni ekuzileni noku lunywa. Lama Pills alungelelanisa zonke izindhlela zabe sifazane noku hamba kwezinyanga zabo. Zibumba igazi elisha emzimbeni, ngaloko ke zinibeza amandhla. Igabha 3/3, angu 18/-. Sihlawula iposi.

CARLTON NERVINE.

Lo ngumuti ofana nokudhla kubo ubuopo, kuyo imitambo nakuwo umzimba. Izitelo zawo ziya 'mangalisa. I NERVINE ihlaziya umzimba wonke, ne nhliziyo ikutande nokudhla. Lomuti uqeda ikanda elibulala ngemitambo, ukuputelwa butongo, ukwetuka, uvalo. Usiza nesisu emsebenzeni wokugaya ngapakati. Lo muti ubalungele abesifazane. Abasanda kubeleta, nabavuka pansi ekaguleni. Uqeda ukudangala emzimbeni nase moyeni. Unikeza umqala namandhla emzimbeni wonke noku qabuka. Igabha 3/3, angu 6 18/-. Sihlawula iposi.

BHALELA KWA

CARLTON REMEDIES Co.,
P.O. Box 1717, Cape Town.



# KWA MNYAMANA.

Isulumani elidumileyo ekade liku Field Street, eDurban, uMNYAMANA, esekelwe ENGOBAMAKOSI, bavule isitolo eNANDA MISSION STATION, kwa SCOTT. Bawutengile umuzi ka Scott, baquba isitolo ne Bikawosi,

Nanike niyawazi la Masulumani kuhle nifike nibone intengo elula azonitengela ngayo nina base Nanda.



KWA

# A. G. RANDEREE,

111, Field Street,
DURBAN.

Igama lami nati ngenhla, imina ese ngitabate ivinkili lakwa MNYAMANA kayo le ndawo engenhla.

Ngi tengisa nge zinto eziningi ezitandwa abantu be silisa ne sifazane.

Futi intengo ye mpahla yami ivama ukwenelisa abaningi abafika ukutenga evinkilini lami, Izingubo za besifazane izinhlobo zonke zazo, zikona. Amaprint alukuni abantu abahlupekayo, kanye nawo kuhlola maningi, kakulu futi abiza kahle. Izingubo ezitungiweyo nazo zibiza kahle kakulu. AmaSholo namaJaz maningi.

Izingubo zabe silisa ezitungiweyo ziningi, futi zibiza kahle.

Abafuna umsiko, bayenzelwa ngokushesha June 18.



# KUBABHALELI.

BAYAXWAYISWA ukuba kuti lapa bebhalela ipepa baqapele lemiteto :—

1. **Kubhalwe** luhlangoti lunye lwepepa, kakubhalwa inhlangoti zombili. Owapula lomteto incwadi kayiyikufakwa.
2. **Kubhalwe** ngesandhla esicacambile esifundeka kahle. Ongenamandhla okubhala kahle, anxuse omunye ambhalele, kona engayi kujabhiswa ngokuba yaliwe incwadi yake.
3. **Atumele** igama lake noma etanda ukuba libonakale, nonxa engatandi alitumele; kodwa ongatandi ukuba libonakale kaliyikubonakala, atumele nekeli lake futi.



# Bheka Lapa!!!

Sika leli pepa elingezansi ulitumele kanye nemali yaleso sikati osikokela ku

Rev. JOHN L. DUBE,
Ohlange, Phoenix, Natal.

SIKA LOKU:

Mngane,—Yamkela £.........d. nge Postal Orders kumbe izitembu........................Imali yesikati esi........................

Imina,

Igama........................
........................
........................